Icebo Likankulunkulu Elilula Lensindiso

SIHLOBO SAMI: Ngikubuza umbuzo omkhulu impela empilweni. Ukuthokoza kwakho noma ukudabuka kwakho ENGUNAPHAKADENI lonke kukuwona. Umbuzo yilona USINDISIWE NA? Akubuzwa ukuthi ungowelunga lesonto elithize yini, kodwa USINDISIWE NA?

Akusikho ukuthi ulunge kangakanani kodwa USINDlSIWE NA?

Akekho ongathokoza ezibusisweni zikaNkulunkulu noma aye eZulwini engasindiswanga. UJesu wathi kuNikhodima encwadini ka Johane 3:7 “NGANIZALWA NGOKWAPHEZULU” UNkulunkulu usinika ezwini lakhe icebo ELILODWA lensindiso. Icebo lelo lilula ungansindiswa NAMHLA.

Okokuqala sihlobo sami ufanele wazi ukuthi uyisoni”Akekho olungile QHA NAMUNYE” Rom. 3:10. “A kukho mehluko: Ngokuba bonile BONKE, bengafinye lele ebukhosini buka Nkulunkulu Rom. 3:22-23.

ALIKHO ITHUBA lokuba usindiswe ngaphandle kokuba ubone ukuthi UYISONI ngokuba uyisoni ULAHLELWE EKUFENI. “Ngokuba inkokhelo yokona ukufa Rom. 6:23.

Isono siletha ukufa. Jakophe 1:15. Lokhu kusho ukwehlukaniswa noNkulunkulu uye ESIHOGWENI INGUNAPHAKADE. Kwesabeka kabi. Yebo sihlobo sami kepha iqiniso. Kodwa uNkulunkulu wakuthanda kangaka WANIKA INDODANA YAKHE EZELWE YODWA UJesu Kristu athathe indawo yakho. Owathwala isono sakho wafa endaweni yakho.

WAMENZA (UJesu) UKONA NGATHI ongakwaziyo ukona ukuba THINA SENZIWE NGAYE UKULUNGA KukaNkulunkulu. 2 Kor. 5:21.

“Yena owathwala izono ZETHU ngomzimba WAKHE emthini ukuze SIFE ezonweni siphile ekulungeni. NISINDISWA ngemivimbo yakhe. 1 Pet. 2:24.

UJesu kwakufanele afe achithe igazi lakhe. Ngokuba IMPILO yomzimba iseGAZINI. Levi 17: 11. Akubikho ukuthethelelwa uma KUNGATHELWA IGAZI. Heb. 9:22.

Manjeke singeke siqondisise ukuthi isono sethu sabekwa kanjani kuJesu kepha uNkulunkulu uthi EZWINI LAKHE kwaba njalo. NGAKHOKE ISONO SAKHO sihlobo sami sabekwa kuJesu. WAFA ENDAWENI YA KHO. Yiqiniso uNkulunkulu angeqambe amanga.

UMlindi wejele wase Filiphu wabuza ku Paul noSila “NGANGENZANI ukuba NGISINDISWE NA? Bathi: KHOLWA iNkosi uJesu Kristu UYAKUSINDISWA WENA nendlu yakho Izenzo 16:31.

Kholwa nje kuyena njengowathwala ISONO SAKHO WAFA ENDAWENI YAKHO wembelwa wavuswa ukuba ULUNGISWE mbizeke manje. “Bonke abayakukhuleka egameni leNkosi BAYAKUSINDISWA Roma 10:13. Umkhuleko wokuqala WESONI okumele ukuba siwukhuleke ukuLuka 18:13. “Nkulunkulu ngihawukele MINA SONI” Manjeke uyisono, impela udabukile ngalokho MANJE NJE lapho ukhona phakamisela inhliziyo yakho kuNkulunkulu ngomkhuleko Akudingi namkhuleko omude nakumemeza ngoba uNkulunkulu UTHANDA ukukusindisa. Yithi nje Nkulunkulu ngiyisoni, ngiyadabuka, ngiyaphenduka, yiba NOMUSA kimina UNGISINDISE ngenxa kaJesu. Manjeke MBAMBE ngezwi lakhe.

“BONKE (Lokho kusho NAWE.) abayokhuleka egameni leNkosi BAYAKUSINDISWA.” (BAYAKU, ayi banga, kodwa) BAYAKUSINDISWA. Roma 10:13.

Ake umbambe uNkulunkulu NGEZWI lakhe. Uma usukwenzile lokho athe kwenze. THATHA INSINDISO NGENKOLO NJENGEZWI LAKHE. KHOLWA UYAKUSINDISWA. Akukho sonto noma imisebenzi emihle. AKUKHO MUNTU KEPHA UJESU KUPHELA ONGASINDISA.

Icebo elilula lensindiso yileli: UYISONI ngobake uyisoni UFANELE UKUFA nomake ukholwe kuKristu owaTHATHA INDAWO YAKHO wafa ENDAWENI YAKHO, wambelwa wavuswa futhi, Ake umbize uNkulunkulu UBONA ukuthi uyisoni umcele ukuba abe nomusa kuwe akusindise NGENXA KAJESU. Beseke umbamba NGEZWI LAKHE, NGOKUKHOLWA THATHA INSINDISO.

Wenake uthi: Impela akuyilokho kuphela okudingeke ukuba kwenziwe ukuze ngisindiswe. Yebo ukuphela kwakho lokho nje. Sibonga uNkulunkulu ngoba abaningi bazuzekeleke ku Kristu ngalo lelicebo elilula nje. LISEMBHALWENI, ICEBO LIKANKULUNKULU sihlobo sami LIKHOLWE ULILANDELE NAMHLA. Manje isikhathi, namhlanje usuku, Bheka kaLOKHU sekuyisikhathi esihle impela bheka KALOKHU seku usuku lokusindiswa 2 Kor. 6:2.

"Ungazigabisi ngengomuso ngokuba awukwazi okuzakuvezwa usuku" Izaga 27:1.

Uma kungakukhanyeli kahle. FUNDA KANINGI uze uzwisise. Ungalibeki phansi lelipheshana uze wenze njalo. UMPHEFUMULO WAKHO ungaphezulu kwezwe. "Kuyakumsizani umuntu, uma ezuza izwe lonke, alahlekelwe UMPHEFUMULO WAKHE NA? noma umuntu angahlenga ngani umphefumulo wakhe na? Marku 8:36-37.

YIBA NEQINISO LOKUTHI USINDISIWE, KUNAKHO KONKE UDINGA INSINDISO. UMA ULAHLEKELWA UMPHEFUMULO WAKHO AWUNGENI EZULWINI ULAHLEKELWE YIKHO KONKE. UNKULUNKULU AKUSIZE USINDISWE NAMHLANJE.

Anehlulwa ukulingwa okunjengokwabantu kuphela kepha uNkulunkulu uqinisile ongayikuvuma ukuba nilingwe ngokungaphezu kwamandla enu, kodwa uyakunenzela ithuba lokuphepha nxa nilingwayo nize nibe namandla okuma 1 Kof. 10:13.

UNGETHEMBI imizwa yakho. Iyaguquka. YIMA EZITHEMBISWENI ZIKANKULUNKULU. AZIGUQUKI. UMA USUSINDISIWE KUKHONA IZINTO EZINTATHU OKUMELE UZENZE NSUKU ZONKE UKUBA UKHULE NGOKOMOYA.

THANDAZA - ukhuluma kuNkulunkulu. FUNDA IBHAIBHELI LAKHO. UNkulunkulu ukhuluma kuwe

FAKAZA - Ukhulumela uNkulunkulu.

"Lowo ongivuma phambi kwabantu, nami ngiyakumvuma phambi kuka baba eZulwini Mat. 10:32.

Copyright: Lifegate Inc., 2007